basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NHLABA/NHLANGULANA 2026

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 70

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayisi-8.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1 Ngisho nakulezo ezihlala abantu abangomacaphunakusale. ✓ (1)

1.2 Sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba. ✓ (1)

1.3 Imiphumela eyokuthi kuyaye kudilizwe abasebenzi noma kuncishiswe amahora okusebenza kuvalwe namanye amabhizinisi amancane. ✓ Kulamba abantu ngenxa yokusha kwemifino esuke itshaliwe. ✓

(Okubili kwalokhu) (2)

1.4 Izinhlelo zokuhlinzeka ziyehluleka ngoba amaloli aletha amanzi kuyenzeka alindwe usuku lonke noma angafiki kwezinye izindawo kuze kuphele isonto. ✓ Ukuvula amanzi ngezikhathi ezahlukene kuyinkinga ngoba kuyenzeka lolu hlelo lufinyelele ngemuva kwezinsukwana endaweni ngayinye. ✓ Amadamu ayakhiwa kodwa kuyenzeka agcine engaphelanga ngenxa yezingqinamba ezahlukene okubalwa kuzo imibhikisho yomphakathi osuke ufuna ukuhlomula ngamathuba omsebenzi kulezo zinkontileka ezinikwa amathenda. ✓Abanye abafake amathangi abasindi kulokhu kuntuleka kwamanzi ngoba nawo agcina engasenawo amanzi angenayo. ✓ (4)

1.5 B/Ukwesweleka kokuthile.✓ (1)

1.6 Umbhali uhlose ukusifundisa ngezizathu ezenza seswele amanzi, izinkinga abantu abadala nabakhubazekile ababanazo kanye nalokho okungenziwa ngabantu nohulumeni ukuxazulula inkinga yokuntuleka kwamanzi. ✓✓ (2)

1.7 Ukuthutheleka kwesibalo esikhulu sabantu beya kohlala ezindaweni ezingamalokishi kanye nezingamadolobha kudala enkulu ingcindezi ohlelweni lokuhlinzeka umphakathi ngamanzi./ ukusha kwezitshalo okudala ukuba kungabi nokudla✓Ezinye izindawo eziyimijondolo zixhuma amapayipi ngokungemthetho ukuze zizidonsele amanzi.✓Ukwehluleka kwabanye omasipala ukunakekela nokulungisa ingqalasizinda./ ukuguquququka kwesimo sezulu /isomiso/ omasipala bakweleta amabhodi azimele ahlinzeka ngamanzi imali eshisiwe. ✓

(Okubili kwalokhu) (2)

1 .8 Okungenziwa ukuze kuxazululeke inkinga yamanzi akufani, kukhona okungenziwa nguhulumeni/ namabhodi azimele kanti okunye kungenziwa ngumphakathi. ✓Okungenziwa nguhulumeni kudinga imali, ukuze kulungiswe ingqalasizinda kukhishwe amapayipi kasimende kufakwe amasha. / Ukuqashwa kwabantu abanamakhono okwenza lo msebenzi wokulungisa ingqalasizinda.✓ Okungenziwa ngumphakathi wukuthi ungakhongozela amanzi emvula ophahleni lwezindlu bese usebenzisa lawo manzi uma ugeza, uhlanza izindlu nezingubo kanye nokuchelela izivande. / Ukukhokhela amanzi komasipala nezinye izinsiza ezidingwa ngumphakathi. ✓ /Amabhodi azimele, ahlinzeka ngamanzi, nosomabhizinisi bakwamanye amazwe nabo bangaba negalelo elibonakalayo ukwelekelela omasipala abahlulekayo. / kungafakwa amaphampu anomfutho onamandla ozokwenza amanzi afinyelele nasezindaweni eziphakemeyo.✓ (3)

1.9 Le migqa iqukethe umqondo wokuthi maningi amanzi amoshwa ngabantu ngenxa yokungasebenzisi isikali esifanele samanzi ngosuku. Kufanele kuthathwe izinyathelo ezinqala, kuqwashiswe abantu ngokongiwa kwamanzi okungaba yisisombululo sokusweleka kwamanzi.✓✓ (2)

1.10 Umbhali walesi siqephu ufanele ukubeka umbono onxenxa abantu ukuthi bafake isandla bonke ukuze kuxazululeke inkinga yamanzi. Usebenzise nesisho ukuchaza ukuthi ayikho inkinga engasoze yaxazululeka, inqobo nje uma yethulwa, kubanjiswene konke kuyalunga.✓✓

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwemukelwa] (2)

UMBHALO B (OBUKWAYO)

1.11 Okwenzeka esithombeni soku-1 kuyisisombululo sesikhashana, inkinga yamanzi ayixazululeki ngokugcwele. ✓✓ (2)

1.12 Esithombeni sesi-2 kunengqalasizinda/idamu okulindeleke ukuba ihlinzeka ngamanzi kodwa engenawo amanzi kanjalo nasesithombeni sesi-3 kunompompi ongaphumi amanzi. ✓✓ (2)

1.13 Yomibili le mibhalo iveza umqondo wokubaluleka kokuqwashisa abantu ngokongiwa kwamanzi. ✓✓ UMBHALO A isigaba sesi-5 kukhuthazwa uMnyango WezaManzi nokuThuthwa KweNdle ngokuqwashisa abantu ngokonga amanzi./kanjalo nasesithombeni sesi-4 UMBHALO B kunephosta ekhuluma ngokuthi makongiwe amanzi. / ukusha kwezitshalo okungadala ukuba kungabi nokudla. ✓✓ (4)

1.14 Okungenziwa ukuvikela isimo sokuphela kwamanzi emadamini ukuba abiyelwe ukuze imfuyo nomphakathi ungangeni kalula uzosebenzisa amanzi.✓ Ukwakhiwa kwezindonga ezinde ezingavikela ukuhwamuka kwamanzi emadamini ngenxa yelanga elingahlaba ngqo emanzini edamu.✓

[Nezinye izimpendulo ziyokwamukelaka] (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

UMBHALO C

AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU OWABEKE NGAMAGAMA AKHO	
1	'Kubalulekile ukwakha ubudlelwano obuhle nengane yakho ngokuyilalela ngaso sonke isikhathi.'	1	Yakha ubudlelwano nengane uyiphe indlebe njalo uma ikhuluma nawe.
2	'Yifundise ukuziphatha okufanele ngaphambi kokuba uyithethise noma uyijezise.'	2	Qeqesha ingane ngendlela yokwenza izinto ngendlela eyamukelekile ngaphambi kokuba uyijezise.
3	'Khombisa ingane uthando ngokuyithinta, ukuyanga, ukuyigona, ukuyincoma, ukuyikhuthaza nokuyitshela ukuthi uyayithanda.'	3	Bonisa ukuthi uyayithanda ingane yakho ngokuyibamba, uyidlalise, uyigqugquzele uyitshele ukuthi uyayithanda.
4	'Nikeza ingane indawo yokuhlala ephephile, enakekelayo nengenazo izingozi ezingenasidingo.'	4	Yiba nekhaya elivikelekile ngaphambi kokuba ingane ilimale ngenxa yobudedengu.
5	'Khuthaza ingane yakho ukuba izimele ezintweni zonke.'	5	Gqugquzela ingane yakho mayelana nokuzimela ngaso sonke isikhathi.
6	'Zinakekele ngokuzivocavocisa umzimba, ukuzipha ukudla okunomsoco nokuzinika isikhathi sokungcebeleka.'	6	Qinisekisa ukuthi izingane zakho zinyakazisa umzimba, zinike ukudla okunempilo nokuzinika isikhathi sokuvakasha.
7	'Vumela umndeni, izihlobo nabangani bakwelekelele ekukhuliseni izingane zakho.'	7	Cela abantu osondelene nabo ukuba bakusize ngenkathi usakhulisa izingane zakho.

Yakha ubudlelwano nengane yakho uyiphe indlebe njalo uma ikhuluma nawe. Qeqesha ingane yakho ngendlela yokwenza izinto ngendlela eyamukelekile ngaphambi kokuba uyijezise. Bonisa ukuthi uyayithanda ingane yakho ngokuyibamba, uyidlalise, uyigqugquzele uyitshele ukuthi uyayithanda. Yiba nekhaya elivikelekile ngaphambi kokuba ingane ilimale ngenxa yobudedengu. Gqugquzela ingane yakho mayelana nokuzimela ngaso sonke isikhathi. Qinisekisa ukuthi izingane zakho zinyakazisa umzimba, zinike ukudla okunempilo nokuzinika isikhathi sokuvakasha. Cela abantu osondelene nabo ukuba bakusize ngenkathi usakhulisa izingane zakho.

[Inani lamagama 70]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Indlela yokumaka ukufingqa

Ukumaka lo mbuzo kweyame ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimi.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimi.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimi.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 4-5 acashuniwe, nikeza imaki eli-1 lolimi.
  - 2–3 acashuniwe, nikeza amamaki ama-2 olimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama kuze kuphele umusho bese engabe esabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

INDLELA YOKUMAKA:

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha kwizakhiwo zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.
    Isb: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:
  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

3.1 Amakhasimende ama-5 okuqala ✓ athola isephulelo sama-50%.✓ (2)

3.2 Umsebenzi okhangiswa yiDlabazane Solutions uguqule indlela ebengibuka ngayo ukubaluleka kwezihlahla ezitholakala emakhaya. Uma zigencwa egcekeni azenzi imfucuza kuphela kodwa ziyanqunywa zibaswe ukuxosha amakhaza. ✓✓ (2)

3.3 Kulesi sikhangisi kusetshenziswe ulimi oluchukuluza imizwa, “Awusizi thina nje kuphela usiza nezaguga ukuba zingabulawa amakhaza” okwenza ufise ukusebenzisa le nkampani ngoba iyalekelela ukusiza izalukazi ngezikhathi zasebusika. ✓✓ (2)

3.4 Ngicabanga ukuthi yingoba le nkampani iveze ukuthi isineminyaka engama-25 yenza lo msebenzi, okuyisikhathi eside. Ngakho-ke yinkampani ongayethemba ngobuqotho nangesipiliyoni. ✓✓ (2)

3.5 Ulimi oluthi, 'Inkampani engongoti’ kungahle kungabi yiqiniso ngoba ubuningi beminyaka usebenza akuchazi ukuthi ungungoti emsebenzini owenzayo. Uma ungungoti usuke uwufundele wagogoda lowo msebenzi osuke uwenza, ngokwezinga elifanele. ✓✓

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (2)
[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

4.1. Yingoba kusetshenziswe amagama nezimpawu zomculo esibiyelweni senkulumo yalo.✓ (1)

4.2 Ukhamisile futhi uhlahle amehlo/ uyababaza, ubatshaziswa ngukuthi irobhothi liyakwazi ukucula.✓✓ (2)

4.3. Umlingiswa oyirobhothi udwetshwe waba mude ngoba le ndaba imayelana naye kanye nokugqamisa imisebenzi emikhulu akwazi ukuyenza engeyena umuntu ophilayo. ✓✓ (2)

4.4 A./Nganenhlanhla. ✓ (1)

4.5 Lisetshenziselwe ukuqhathanisa.✓ (1)

4.6 Le khathuni imayelana nezobuchwepheshe osekuyizona ezihamba phambili ukwenza imisebenzi eyahlukene.✓ Lokhu kusho ukuthuthuka kwezinga lempilo okuhambisana nokuncipha kwamathuba emisebenzi njengoba izinto eziningi sezenziwa amarobhothi. ✓✓

[Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa] (3)
[10]

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

5.1 Isizwe saMaSwati sivunula kahle uma kunemigidi.✓

[Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa] (1)

5.2 Lisetshenziselwe ukulandisa.✓ (1)

5.3 Kwaba buhlungu kakhulu sizwa kuthiwa inkosana yakwamakhelwane isiyendele koyisemkhulu. ✓✓ (2)

5.4 Ukugcinwa kwenkosi kwakuyokwenzelwa ukuvikela isizwe ukuthi singahlaselwa ngezinye izizwe ngoba singasenankosi. ✓✓ (2)

5.5 B/Ithuna. ✓ (1)

5.6 Insila igcwele intamo kuThembisile ngenxa yokungagezi kwakhe.✓✓

[Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa] (2)

5.7 Yayigqitshwa. ✓ (1)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70